

ISIFINGQO OKUNGEYISO ESOBUCHWEPHESHE (NON-TECHNICAL SUMMARY)

ISINGENISO

Lesi Sifingqo Okungeyiso Esobuchwepheshe sihlinzeka ngesifingqo soMbiko Wokuhlolwa Komthelela Emvelweni (EIA) olungiswe njengengxenywe yohlelo lwe-EIA olwenzelwa uhlelo lokumba kokucwaninga okuphakanyiswayo kuBhlokwe ER236, kude noGu Olusempumalanga yeNingizimu Afrika (lapha okubizwe njenge'phrojekthi').

INJONGO YOMBIKO WE-EIA

Abaphathi Bezidingongqangi Zezemvelo (ERM) baqashwe yi-Eni South Africa BV (Eni) ukuthi benze, njgoMsebenzi Wezemvelo Ozimele, uhlelo oluphelele lwe-EIA lwephrojekthi ngokoMthetho Wokuphathwa Kwezemvelo (NEMA) (Umthetho 107 ka-1998) Izimiso Zomthetho, 2014 (njengoba uchitshiyelwe ngonyaka ka-2017). Iphrojekthi idinga Ukugunyazwa Kwezemvelo (EA)okuvela eMnyangweni Wezezimbiwa (DMR), ngokusebenzisa i-Petroleum Agency South Africa (PASA). I-DMR yisiphathimandla esiwaziyo umsebenzi sephrojekthi, okusho uktuhi inamandla okugunyaza intuthuko noma okuyala. Iphrojekthi izogunyazwa ngaphansi kwe-NEMA.

Izinjongo ezinkulu zohlelo lwe-EIA bekuwukukhomba nokuhlola imithelela yezemvelo emikhulu enokwenzeka ephathelene nemisebenzi ephakanyiswayo, nokudizayina indlela yokunciphisa ingozi efanele, izindlela zokuphatha nokulawula ukuze kuqinisekise ukuvikeleka kwendawo yaphesheya kolwandle kanye nokuphepha kwabantu nomphakathi. Ukukhomba kangcono imithelela emibi enokwenzeka ephathelene nemisebenzi yephrojekthi, izingcwaningo zongcweti abazinikele yenziwe (bhaka ngezansi ukuthola eminye imininingwane). Lokhu kuvumele ukwamukelwa kobuchwepheshe obukhona obuhle kakhulu kanye nemisebenzi yokuvimbela umthelela kanye nokunciphisa ingozi.

Lezi zindlela zokuvimbela kanye nokunciphisa ingozi, kanjalo nezinjongo zokuqapha, zichaziwe kuMbiko Wohlelo Lokubhekela Ezemvelo (EMPr), olwakha *Isahluko 9* sombiko we-EIA owuhlaka. Lokhu kudingeka ngaphansi kweSahluko 5 soMthetho Wokuphathwa Kwezemvelo (NEMA) (Nombolo 107, 1998), njengoba uchitshiyelwe, futhi uyabopha ngokomthetho esimweni sokugunyazwa kwephrojekthi yisiphathimandla esazi umsebenzi.

IPHROJEKTHI KANYE NESENDLALELO SOBUNIKAZI

I-Eni ne-Sasol Africa Limited (Sasol) baneLungelo Lokuhlola Ugu Olusempumalanga lwaseNingizimu Afrika. I-Eni ne-Sasol bacabanga ngokwenza uhlelo lokumba¹ kokucwaninga kuBhlokwe ER236. Inhloso yalolu hlelo lokumba kokucwaninga wukuthola ukuthi ingabe kukhona yini amahayidrokhoboni anokusebenza ngokohwebo (uwoyela negesi) ngaphansi komhlaba osekujuleni kolwandle ukuze kubaluleke ku-Eni ne-Sasol ukwenza enye intuthuko kuBhlokwe.

I-Eni yinkampani yamazwe omhlaba yamandla kagesi ehlanganisiwe, esebenza emazweni angama-71 emhlabeni enabasebenzi abangaphezu kuka-33,000. I-Eni ibandakanyeka ekuhlolweni nasekukhiqizweni kwehayidrokhoboni, igesi namandla kagesi, ukucolisisa, ukumaketha kanye nokuvuselelwayo kulo lonke uchunge lokusungula olubabulekile. I-Eni umholi womhlaba ekumbeni ngaphansi komhlaba, kanye nemithombo engaphansi komhlaba ewu-872 (ewu-284 yayo amanzi ajulile noma amanzi ajule kakhulu impela) ambiwe ngokuphepha ezindaweni eziphesheya kolwandle, eziza nezinselele zazo ezehlukile. Amakhono ayo afezwa ngoguquko lobuchwepheshe kanye nabasebenzi abanolwazi abamukela izindlela zokulawula nezinqubo zokusebenza okuhle kakhulu zenkampani.

Njengengxenye yohlelo lokuhlola, i-Eni kungenzeka imbe ukufika emithonjeni yamanzi ajulile eyisithupha ngaphakathi kuBhlokwe ER236, imithombo emine ngaphakathi endaweni ethandwayo engasenyakatho kanye nemithombo emibili endaweni ethandwayo engaseningizimu (*Umdwebo 1*). Indawo eqalayo (endaweni esenyakatho noma eseningizimu) ayikachazwa, kanjalo nokulandelana kwemithombo, okuncike emiphumeleni yomthombo wokuhlola wokuqala kanye nokutolikwa kwedatha etholiwe.

Ukumbiwa komthombo wokuqala wokuhlola kuhlelwe isikhathi esiphakathi kukaNovemba 2019 noMashi 2020, futhi ukumbiwa komthombo owodwa kulindelwe ukuthi kuthathe ngokulandelana izinyanga ezimbili ukuthi kuqedwe. Ukujula kokumbiwa okulindelekile kungacishe kube wu-3,800 m ukuya ku-4,100 endaweni esenyakatho kanye no-5,100 endaweni eseningizimu, kusukela phezulu olwandle, ukunqumula emhlabeni ophansi ekujuleni kolwandle, ukuya ekujuleni okuhlosiwe.

¹ Uma wenza imisebenzi yokumba kokucwaninga, kunezinhlabo ezimbili zemithombo embiwayo: umthombo wokucwaninga kanye nomthombo wokuhlola. Umthombo wokucwaninga umbelwa ukuthola umthombo wokulondoloza ihayidrokhoboni. Umthombo wokuhlola uba seduze nomthombo wokucwaninga. Umbiwa kuphela esimeni sokuthola umthombo wokulondoloza ihayidrokhoboni, futhi usetshenziselwa ukwenza inani kanye nezinga lokuhamba okungenzeka (ihamba ngokushesha kangakanani) kwanoma iyiphi ihayidrokhoboni ekhona. Ukuhlola izinga lokwandiswa kwengodla kanye nezinto ezikhethekile kuzokweseka isinqumo sesigaba sentuthuko, ukuze kukhiqizwe ihayidrokhoboni. Isigaba sentuthuko sizodinga ukuhlolwa okusha kwe-EIA futhi akusiyo ingxenye yalokhu kugunyazwa kwe-EA.

Kuncika emphumeleni womthombo wokuqala wokuhlola, uma umthombo womile imisebenzi iyothuthela kwenye indawo, uma kuzotholakala okutholakalayo okuyimpumelelo, i-Eni iyothatha isinqumo sokumba umthombo wokuhlola endaweni eseduze nendawo efanayo, noma ukumba omunye umthombo wokuhlola. Imithombo engeqi kwemibili yokucwaninga kanye nemibili ehlohlwayo kulindeleke ukuthi imbiwe endaweni ethandwayo engaseNyakatho, kanti owodwa wokucwaninga nowodwa ohlohlwayo endaweni ethandwayo engaseNingizimu.

Isikhathi sale mithombo engaba khona eyengezayo siyoncika kokutholakele ngesikhathi kumbiwa umthombo wokuqala, futhi angeke kwenzeke ngokushesha ngemuva kokumba umthombo wokuqala.

Ukuhlolwa kwemithombo kungenziwa kuphela emithonjeni yokuhlola uma inamanani okuhweba ngehayidrokhakhoni angaba khona.

Ekupheleni kwemisebenzi lolubili uhlobo lwemithombo, lokucwaninga kanye noluhlolwayo, luzogqitshwa ¹ bese luyashiywa (“ukuhoxisa umsebenzi”) njengokwamazinga amazwe omhlaba kanye nokusebenza okuhle. Umthombo kanye nekhandla lomthombo kuyavalwa ngci ngamapulagi kasimende. Imithombo eshiwo izoba nesivimbo esihloliwe somgodi oya phansi esizovala idamu elivela kanye neliya emhlabeni osekujuleni kolwandle futhi sizovimbela ukudedelwa okungafuneki kwehayidrokhakhoni bese-ke ikhandla lomthombo lizoshiywa emhlabeni ophansi ekujuleni kolwandle. Indawo yamakhandla omthombo izomakwa kumashadi eHhovisi le-HydroSAN ukuze kuhambeke ngokuphepha.


INDAWO YOMSEBENZI

I-Eni iphakamisa ukumba imithombo yokucwaninga ngaphakathi kweBhlokwe ER236, ngaphakathi kwalezo zindawo ezimbili okunentshisekelo kuzo:

- **Indawo esenyakatho ethandwayo** (cishe wu-1,717.50 km² endaweni), esendaweni eseduze nayo kakhulu, ewu-62 km ukusuka ogwini, ekujuleni kwamanzi okuphakathi kuka-1,500 m no-2,100 m (*Umdwebo 1*).
- **Indawo eseningizimu ethandwayo** (cishe wu-2,905 km² endaweni), esendaweni eseduze nayo kakhulu, cishe ewu-65 km ukusuka ogwini, ekujuleni kwamanzi okuphakathi kuka-2600 m no-3000 m (*Umdwebo 1*).

¹ Emithonjeni yokuhlola, ukugqitshwa kanye nomsebenzi wokushiya uzoba ngowokugcina, okungukuthi akukho okunye ukuphinda kungenwe kuyo okuhleliwe. Uma kunokutholiwe, emithonjeni ehlohlwayo ipulagi kasimende izoba nokwakhiwa okuhlukile kanye nobude ukuvumela ukukwazi ukuthi kuphinde kumbiwe usimende nokubuyisa umthombo kwenzelwa isigaba sentuthuko yesikhathi esizayo.

Umdwebo 1 Imephu Yendawo Yephrojekthi



Source: EIA Report, 2018.

IMISEBENZI YEPHROJEKTHI

Izingxenywe ezinkulu eziphathelene nephrojekthi zibandakanya okulandelayo:

- Umthombo wokuhlola emhlabeni ongaphesheya kolwandle;
- Umkhumbi wokumba amanzi ajulile (*Umdwebo 2*);
- Indawo engafakiwe eduze komkhumbi wokumba;
- Isizinda esisechwebeni (i-Richards Bay noma u-Durban);
- Imikhumbi enikezela ngempahla, imikhumbi ehlala ilindile kanye nezindiza ezinophephela; kanye
- neNgqalasizinda kanye nezinsizakalo.



Source: Shutterstock, 2017

Imisebenzi yeprojekthi ehambisana nokumba ibandakanya izigaba ezilandelayo:

- Isigaba Sokuthutha
 - Umkhumbi wokumba emanzini ajulile uzoyiswa endaweni yomthombo wokuqala usuka eNtshonalanga Afrika noma eMpumalanga Afrika.
 - Imikhumbi esizayo ingahamba ngqo ilandelana nomkhumbi wokumba iya endaweni noma ivela eRichards Bay noma esizindeni sogu lwase-Durban.
 - Umsebenzi wezindawo ezizinze ogwini ezibhekene nemisebenzi yosizo oludingwa umkhumbi wokumba.
 - Imoto Esebenza NgeRimowuthi (ROV) iphenya ucwaningo lwangaphambi kokumba lomhlaba ophansi ekujuleni kolwandle kanye nokuma komthombo.
- Isigaba sokumba
 - Ukumbiwa komthombo kungaba indawo ethandwayo yasenyakatho noma yaseningizimu.
 - Ukumbiwa komthombo izinto okungakhethwa kuzo (umzila oseceleni, ukugawula izingodo, ukuqeda).
 - Ukuhlolwa komthombo okungaphoqelelwe.
- Ukugqitshwa Komthombo, Ukushiywa ("Ukuhoxiswa komsebenzi") kanye neSigaba Sokuyeka Ukuthutha
 - Ukugqitshwa komthombo kanye nokushiywa.

- Nokuyekwa kokugqugquzelwa komkhumbi wokumba, umkhumbi kanye nesizinda sokuthwala izimpahla zokusebenza sasekhaya.

Yonke imisebenzi izokwenziwa ngendlela, ehambisana nomsebenzi omuhle wamazwe omhlaba wezimboni ezihlonishwayo. Incazelo eneminingwane yemisebenzi yephrojekthi ibikiwe kuSahluko 3 soMbiko we-EIA owuhlaka (“Incazelo yephrojekthi”). Nangale kwenqubekela phambili enkulu ekutholakaleni kolwazi oluqoqiwe oluphatelene nokungqangqazela komhlaba nokuhlaziya, njengamanje akukho okukhona okuhlukile ukuthola kahle hle ukuba khona kwezingodla zehayidrokhakhoni ngaphandle kokumba kokucwaninga nokuhlolwayo.

UKUDEDELWA KOMOYA EMKHATHINI OKUHLELIWE KANYE NOKUKHIPHA, UKUBHEKELWA KODOTI

Imisebenzi yokumba ehleliwe kanye nemisebenzi yephrojekthi ingaholela ekwenzekeni kokudedelwa komoya emkhathini, ukukhishelwa olwandle, udoti odinga ukulahlwa emhlabeni kanye nokudedelwa komsindo.

Yonke imikhumbi izoba nempahla, izinhlelo kanye nezivumelwano zenqubo kokuvimbela ukungcolisa ngowoyela, indle kanye nodoti ngokuhambisana ne-MARPOL 73/78. Uhlelo Lokuphatha Udoti oluqondene nephrojekthi (olukhava wonke udoti owenziwe ngaphesheya kolwandle nasolwandle) luzokwenziwa ngokuhambisana nezidingo ze-MARPOL 73/78, izimiso zomthetho zaseNingizimu Afrika kanye neziqondiso zokuphatha udoti ze-Eni. Uhlelo Lokubhekana Nokuchitheka Kowoyela (OSCP) luzokwenzelwa le phrojekthi, ngokoHlelo Lokubhekela Izehlakalo olwamukelwe kuzwelonke lokuchithekayo kanye ne-OSCP Kazwelonke.

ISISEKELO SEZEMVELO KANYE NESENHLALO YOMPHAKATHI KANYE NEZOMNOTHO

Ithebuli 1 sethula isifingqo sezinto ezizwelayo kusisekelo esibalulekile eMkhakheni wephrojekthi.

***Ithebuli 1* Isifingqo Sezinto Ezizwelayo Ezibalulekile**

Uphawu	Ukuchaza
Izindawo Ezivikelekile Zasolwandle (ama-MPA)	<ul style="list-style-type: none"> • Awekho ama-MPA akhona agamanxela ezindaweni ezithandwayo ukuthi kumbiwe. • Nakuba Ibhlokwe ER236 ingenela ku-Protea Banks MPA ephakanyisiwe kanye neselulo esiphakanyisiwe se-iSimangaliso Wetland Park MPA, akukho ukungenela kwezindawo okunentshisekelo yokumba kuzo nama-MPA aphakanyisiwe. • Kufanele kwaziwe ukuthi izingxenywe ze-ER236 zasekuqaleni ezingenela ne-iSimangaliso esivele ikhona futhi ama-Aliwal Shoal MPA ayeqediwe ngesikhathi sohlelo lokuvuselela Ilungelo Lokucwaninga ngo-2016.

Uphawu	Ukuchaza
<p>Izimpawu zomhlaba ongaphansi kolwazi kanye nendawo yokuhlala ngaphakathi ekujuleni kwamanzi</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Indawo esenyakatho ethandwayo yokumba umthombo iba ngaphesheya kolwandle, ngasempumalanga yeJika laseNatali ku->1, 500 m ukujula kwamanzi. • Entshonalanga yendawo okunentshisekelo kuyo yokumba umthombo kutholakale izindawo zokuhlala ekujuleni kwamanzi Phezulu kanye naPhansi neNdiya eseNingizimu nentshonalanga ye-Bathyal (izindawo zokuhlala ezenzeka ekujuleni kolwandle), kanti indawo yokuhlala ekujuleni kwamanzi ye-Bathyal eMaphansi neNingizimu yeNdiya iyengamela eningizimu yendawo okunentshisekelo kuyo, kokubili okunikezelwe isimo sokwesabisa uhlelo lwazo zonke izitshalo nezilwane okuhlala endaweni 'esengozini kancane' ku-SANBI 2011 National Biodiversity Assessment. • Imiphakathi esekujuleni kwamanzi ngaphakathi kwalezi zindawo zokuhlala ngokujwayelekile ziyefana kuso sonke isifunda esisingizimu noGu Olusempumalanga ye-Afrika, kuhluka kuphela ohlotsheni lomhlaba osekujuleni kolwandle kanye/noma endaweni ejulile.
<p>Amathambo enhlanzi amakhulu (coelacanth)</p>	<ul style="list-style-type: none"> • I-Tugela (iwu-600 ukuya ku-2,800 m ukujula) kanye ne-Goodlad Canyons (ewu-20 ukuya ku-1,400 m ukujula) ilala eduze kwezindawo ezithandwayo ezisingizimu nasenyakatho zokumbiwa ngokufanele. Izinhlanzi ama-coelacanth zinokuhlukana okuncane kwezindawo zokuhlala futhi zitholakale emazweni omhlaba ekujuleni kwamanzi okuphakathi kuka-90 ukuya ku-300 m, emaweni anokuxhumana nezindawo zamazwe zokuhlala. Ngenxa yokujula kwamawa asendaweni eseduze nezindawo ezithandwayo ngasenyakatho nangaseningizimu, kanye nemithombo yokudla enemikhawulo kulokhu kujula, kuhlangukaniwe nokuthi la mawa awanakho ukuxhumana nendawo yamazwe yokuhlala, kuhlolwe ngungcweti kuncike olwazini oluqoqiwe olukhona lokuthi iTugela kanye namawa i-Goodlad Canyons angeke akwazi ukuba yindawo yokuhlala efanele yezinhlanzi ama-coelacanth. Ukwengeza, akukho kumba okuzokwenziwa ngaphakathi emaweni.
<p>Izinto Ezisamatshe Ekujuleni Kwamanzi</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Kuyaziwa ukwenzeka kwezinto ezisamatshe ekujuleni kwamanzi kuBhlokwe ER 236 kanye nezindawo okunentshisekelo kuzo. • Lokhu kuzotholakala ngezangaphambi kokumba i-ROV

Uphawu	Ukuchaza
Imikhomo kanye neZinhlengethwa	<ul style="list-style-type: none"> • Kunezinhlobo ezingama-36 yemikhomo kanye nezinhlengethwa (izilwane ezincelisayo) okungenzeka zitholakale ngaphakathi kuBhlokwe ER236. Kulezi zinhlobo ezingama-36, umkhomo oyi-Antarctic Blue 'usengozini kakhulu', umkhomo onesifumbu ngemuva, umkhomo onephiko lenhlanzi kanye nomkhomo i-sei kuthathwa ngokuthi 'kusengozini' kanye nenani elincane lezinhlanzi lase-Ifafi-Kosi Bay lenhlengethwa yekhala eliyibhodlela ku-Indo-Pacific, umkhomo weSidoda kanye nomkhomo i-Bryde (inani elisolwandle) zithathwa ngokuthi 'zisengozini' ku-IUCN South African Red Data book List Assessment • Izinhlobo ezijwayeleke kakhulu ngaphakathi endaweni okunentshisekelo kuyo (ngokwezinga okungenzeka kuhlangatshezwane nalo hhayi ubukhulu bonke) kungenzeka kube yinhlengethwa ejwayelekile yekhala eliyibhodlela, umkhomo oqhuba ngephiko elifishane kanye nomkhomo onesifumbu emuva. • U-ER236 ungaphakathi komzila wokuhamba wemikhomo eneSifumbu emuva (Okungakhathazekiwe ngawo kakhulu) kanye neSokudla Ngaseningizimu. <ul style="list-style-type: none"> ○ Imikhomo elungile eseningizimu idlula kuBhlokwe ER236 ngoJulayi nango-Agasti kanjalo futhi nangokuhambela kwayo ngaseningizimu ngo-Okthoba/Novemba. ○ Enezifumbu ngemuva inokuhanjiswa okundlela mbili ogwini lwaseMpumalanga, efinyelela kakhulu emanzini aseningizimu ne-Afrika ngo-Ephreli, iqhubeka ukudlula kuSeptemba/Okthoba uma kuqala ukuhambela ngaseningizimu bese kuqhubekela kuDisemba kuze kube sekuhambeni kwesikhathi kube wuFebhruwari. Isikhathi sokuba namankonyane kweZinezifumbu ngemuva selulekela ukusuka kuJulayi ukuya ku-Okthoba, sikhuphuka ekuqaleni kuka-Agasti.
Izimfudu Zasemanzini Zasolwandle	<ul style="list-style-type: none"> • Izinhlobo ezinhlanu zofudu lwasemanzini zaziwa ukuthi itholakala oGwini lwaseMpumalanga: umhlane wesikhumba, zibonakala ngokuvamile kakhulu, kanye nezimfudo zamanzi ezihlangana ngamakhanda, eziluhlaza, eziluhlaza samgwenya nezinemihlathi ehhukayo. Ohlwini Olubomvu lwe-IUCN, ufudu lwasemanzini olunemihlathi ehhukayo luchazwe 'njengoluSengozini Kakhulu', ufudu oluluhlaza 'Lusengozini' kanti izimfudu ezinomhlane oyisikhumba, ezihlangane ekhanda kanye neziluhlaza samgwenya 'Zisengozini' ezingeni lomhlaba jikelele. • Zombili izimfudu zasemanzini ezinomhlane onesikhumba kanye nezihlangane ngamakhanda zenza izidleke emabhishi asogwini e-KZN ngasenyakatho (e-St Lucia, iSimangaliso) phakathi maphakathi no-Okthoba kanye namaphakathi noJanuwari. Izimfudo ezichanyiselwe zizalwa kusukela maphakathi noJanuwari ukudlulela maphakathi noMashi uma ngabe Umsinga we-Agulhas ushisa kakhulu khona. Uma amachwane esengena olwandle, aya ngaseningizimu elandela Umsinga we-Agulhas futhi kucatshangwa ukuthi ahlala emoyeni waseningizimu yoLwandle lwaseNdiya iminyaka emihlanu yokuqala yezimpilo zazo. • Izifunda zezingasogwini lolwandle zengxenywe esenyakatho yeBhlokwe ER236, zishayisana nokuhamba kokuhlalisana phakathi kwezimfudu ezinomhlane oyisikhumba, kodwa indawo okunentshisekelo kuyo ingaphesheya kolwandle ohlotsheni lokuhlalisana. • Izimfudu ezinomhlane oyisikhumba kanye nezihlangane ngamakhanda kungenzeka zihlangane
Izindawo zokuveza izinhlanzi, yokuzikhulisa kanye nezokuthola abantu	<ul style="list-style-type: none"> • Izindawo okunentshisekelo kuzo ziphesheya kolwandle zokuzeveza izinhlanzi ezinkulu kanye nemigudu yokuhamba kanye nobuningi be-ichthyoplankton kungenzeka kube phansi. • Usayidinsi ugijima ogwini lwaseMpumalanga Kapa nokufika eningizimu ye-KZN isolwandle ngasogwini lwendawo okunentshisekelo kuyo. • Amaqanda e-pilchard asolwandle ngasogwini lwendawo okunentshisekelo kuyo.

Uphawu	Ukuchaza
Ukudoba Kakhulu Komugqa Omude Olwandle Oluvulekile	<ul style="list-style-type: none"> • Indawo yentshisekelo ingenela endaweni yokudoba ngodobo olude ehlose kakhulu ishuna kanye ne-swordfish futhi.
Izithuthi Zasolwandle	<ul style="list-style-type: none"> • Indawo yephrojekthi kungenzeka ingenele emigudwini ethathwa ngabamathangi kanye nezithuthi zokuningi. Imikhumbi yokunikezela ngempahla ingahlangana nezithuthi eziyimikhumbi yasolwandle ngasogwini ngenxa yokuqoqwa kokunikezela okuvela eChwebeni lase-Durban noma e-Richards Bay. • Amachweba ohwebo abalulekile asoGwini lwaseMpumalanga abandakanya i-Port Elizabeth, East London, i-Durban kanye ne-Richards Bay.
Abasebenzisi bokuzithokozisa	<ul style="list-style-type: none"> • Ukusetshenziswa kokuzithokozisa kwezidingongqangi zasolwandle oGwini lwaseMpumalanga ngokwejwayelekile kwenzeka ngaphakathi emanzini asolwandle eduze kogu endaweni yamadolobha asogwini nasezindaweni zokuphumula ngamaholidi.

UHLELO LWE-EIA OLWENZIWE KUZE KUBE MANJE

ISIGABA SOKUKALA UBUNGAKO

Isigaba Sokukala Ubungako esenziwe kulandelwa izidingo ze-NEMA. Lokhu kwabandakanya uhlelo lokwazisa Abantu Abanentshisekelo Nabathintekayo (ama-I&AP) ngephrojekthi ephakanyisiwe kanye nohlelo lwe-EIA ukuze kuqinisekise ukuthi yonke imithelela yemvelo ebalulekile enokwenzeka, kubandakanya leyo edinga olunye uphenyo, babazisiwe.

Umbiko Wokukala Ubungako wokugcina (kubandakanya Uhlelo Locwaningo) wahanjiswa ku-PASA ngomhla ka-8 Mashi 2018 ukuze ubhekwe. Incwadi Yokugunyaza ye-PASA yoMbiko Wokukala Ubungako wokugcina wakhishwa ngomhla ka-16 Ephreli 2018.

ISIGABA SE-EIA

Ulwazi olwaqoqwa lwenzazelo eyisisekelo lukhethiwe ukuthi lube wummeleli wendawo yeprojekthi esimweni sohlelo lwe-EIA. Kuncike olwazini oluqoqiwe olukhona, ukuhlolwa komthelela kwenzelwa konke ukuzwela okungabekwanga engozini ngesikhathi sesigaba sombiko wokukala ubungako futhi kubandakanya izingcaciso ezengeziwe ezicelwe ngababambiqhaza, ngesikhathi sokuphawula ngeSigaba Sokukala Ubungako ngoFebhruwari ukuya kuMashi 2018. Zonke izindlela eziphakanyisiwe zokuvimbela nezokunciphisa ingozi zihlinzekiwe futhi zabikwa ngemininingwane egcwele *kuSahluko 9 (EMPr)* soMbiko we-EIA.

Izingcwaningo zongcweti

Kwenziwa izingcwaningo zongcweti ezilandelayo ngesikhathi seSigaba se-EIA sokubhekela izindaba ezibalulekile ezidinga olunye uphenyo kanye nokuhlolwa okunemininingwane, okuyilokhu:

- Ukuchitheka Kowoyela kanye nendlela yesibonelo sokunqunywe ngokumba;
- Okuphila ngaphansi kolwandle;
- Eziphathelene nokudoba; kanye
- Nesisekelo samagugu aphila olwandle.

Ukuchitheka kowoyela kanye nezibonelo zokuyizinsalela zokumbiwe kusebenzisa ulwazi oluqoqiwe endaweni ezungeze ulwandle ukubonisa ubukhulu kanye nokujiya kwezehlakalo ezikhishiwe ezahlukeni (kubandakanya izinsalela zokumba kanye nokuchitheke kuhayidrokhobhoni).

Ezinye izingcwaningo zongcweti zibandakanya ukhlanganisa ulwazi oluqoqiwe olufanele (kubandakanya imiphumela yocwaningo lokwenza izibonelo) ukuze kukhonjwe futhi kuhlolwe imithelela yendawo okungenzeka ngenxa yeprojekthi ephakanyisiwe.

Le mithelela yahlolwa ngokwezikali zokukala ezihlelwe kuqala. Izingcweti nazo zaphakamisa izindlela zokunciphisa noma zokukhulisa ezifanele ukunciphisa imithelela engenzeka noma ukuthuthukisa izinzuzo, ngendlela efanele.

Imiphumela yokuchitheka kowoyela kanye nezingcwaningo zongcweti bokwenza izibonelo zezinsalela zokumba kuhloliwe futhi kwaphawulwa nguMhloli Onguntanga Ozimele. Ukuphawula okuvela kumhloli owuntanga kuyatholakala *kuSithasiselo D6* soMbiko We-EIA owuhlaka. Isifingqo Okungeyiso Esobuchwepheshe sombiko weSibonelo Sokuchitheka Kowoyela naso silungiswe yi-ERM ukuqhuba ukuqonda kwababambiqhaza kombiko wokuchitheka kowoyela. Isifingqo singatholakala *kuSithasiselo D7* soMbiko We-EIA owuhlaka.

I-ERM iye yaba nokubambezeleka ebingakuhlelelanga ekuphetheni izingcwaningo zongcweti boKumba Kokuhlola ngaphakathi kuBhlokwe ER236, okwaholela ekupheleni kweSicelo se-EIA ngomhla ka-3 Agasti 2018. Ngokuhambisana neSigaba 21(2)(a) kanye no-(b) weZimiso Zomthetho ze-EIA ze-NEMA, i-Eni iqalise uhlelo olusha lwe-EIA ngokuhambisa ifomu lesicelo elichitshiyelwe kanye nokudedelwa koMbiko we-EIA ukuthi kuphawulwe.

Ukhlanganiswa kanye noKuhlolwa koMbiko We-EIA Owuhlaka

Lo Mbiko We-EIA owuhlaka uzodedelwa kusukela ngomhla ka-26 Septhemba ukuya kumhla ka-25 Okthoba 2018 isikhathi sokuphawula esiyizinsuku ezingama-30. Incwadi yesaziso ithunyelwe kuwo wonke ama-I&AP abhalisile kudathabheyisi yababambiqhaza ukubazisa ukuthi sekuqaliswe uhlelo lwe-EIA olusha nokuthi Umbiko We-EIA owuhlaka uyatholakala ukuze kuphawulwe. Umbiko uyatholakala ku-inthanethi ekhasini lewebhu leprojekthi (www.erm.com/eni-exploration-eia) kanye nasezindaweni ezilandelayo:

- Durban Central Lending Public Library
- Port Shepstone Library
- Richards Bay Library
- East London Central Library
- Nelson Mandela Bay Municipality – Linton Grange Library

Ukuphawula okutholakale eMbikweni We-EIA owuhlaka uzohlangukaniwa embikweni uzobukezwa bese uhanjiswa ku-PASA ukuthi iwubheke. Kuzothunyelwa isaziso kuwo wonke ama-I&AP abhalisile kudathabheyisi yeprojekthi futhi umbiko uzotholakala ku-inthanethi kwi-webpage yeprojekthi (www.erm.com/eni-exploration-eia) nakule zindawo zomphakathi ezishiwo ngenhla.

Imininingwane yokuxhumana noMfakisicelo kanye ne-EAP ezimele
kuhlinzekwe kuThebuli 2 ngezansi:

Imininingwane Yokuxhumana yoMfakisicelo/Yomnikazi wephrojekthi	Imininingwane yokuxhumana ye-EAP
Eni South Africa BV 1st Floor, Icon Building c/o Cube WS Cnr Lower Long St. & Hans Strijdom Rd. Foreshore, 8001, Cape Town, South Africa Xhumana no-: Nicole Lomborg Ucingo: +27 21 412 1582	ERM Postnet Suite 90 Private Bag X12 Tokai 7966 Vicky Stevens 1st Floor Great Westerford 240 Main Road Rondebosch 7700 Cape Town South Africa Ucingo: + +27 (21) 681 5400 Ifeksi: + 27 (+27) 21 686 I-imeyili: Alchemy@angloamerican.com E: eni.exploration.eia@erm.com

UKUHLOLWA KOMTHELELA WEZEMVELO KANYE NENHLALO YOMPHAKATHI NEZOMNOTHO KWEMISEBENZI EHLELIWE

Injongo ebalulekile yohlelo lwe-EIA ikhonjiwe futhi kwahlolwa nemithelela yezemvelo engenzeka emikhulu ephathelene nemisebenzi yokumba ephakanyiswayo nokwenza izindlela zokunciphisa ingozi ezifanele, izinhlelo zokuphatha nokulawula zemithelela ekhonjiwe ukuze kuqinisekiswa ukuvikeleka kwendawo engaphesheya kolwandle kanye nokuphepha kwabantu nomphakathi.

Ukuhlola imithelela engenzeka yokusetshenzwa kwephrojekthi, indlela enalokhu okulandelayo yasetshenziswa:

- **Ukukhomba imithelela kanye nencazelo:** kuhlose ekuboneni ukuthi yini engenzeka ngenxa ykuxhumana nomsebenzi wokuhlola nendawo yemvelo, yekhemikhali, yokuphilayo kanye nenhlalo yomphakathi nezomnotho.
- **Ukuhlolwa kwemithelela:** imithelela engenzeka ihloliwe ukuze kubonakale ukubaluleka kwayo ngokuhlanganisa ubukhulu bomthelela ongenzeka kanye nokuzwela kwezidingongqangi/ abamukeli abanokutheleleka okungenzeka.
- **Incazelo yokunciphisa ingozi:** ngokokubaluleka komthelela, ukulawula okufanele kanye nezindlela zokuphatha ziphakanyisiwe. Umgomo oyisisekelo wokunciphisa ingozi wukugwema noma ukunciphisa nanoma yimuphi umthelela omubi kwasekuqaleni, kunokuzama ukulungisa umphumela wayo omubi ngokuhamba kwesikhathi.

- **Ukuhlolwa Kwemithelela Yezinsalela**: uma seziphakanyisiwe izindlela zokunciphisa ingozi, isinyathelo sokugcina oHlelweni Lokuhlola Umthelela lunikezwe ukubaluleka komthelela oyizinsalela, okusele ngemuva kokunciphisa ingozi.
- **Ukuqalisa Ukusebenza Kohlelo Lokuphatha Imvelo (EMPr)**: i-EMPr (*Isahluko 9* soMbiko We-EIA owuhlaka) ihlose ukuqinisekisa ukuthi zonke izindlela zokunciphisa ingozi kanye nokuzibophezela kuzosetshenziswa kuwo wonke umjikelezo wempilo yomsebenzi wokuhlola, ngendlela esebenza ngempumelelo.

Yimithelela kuphela ebhekwayo ngokubaluleka okungenzeka ehlohlwayo futhi embikweni we-EIA. Imithelela ebhekwa njengengabalulekile kuxoxwa ngayo kafishane ezehlakalweni ezihleliwe (*Isahluko 7*) bese ikhishwa ekuhlolweni okunemininingwane.

Ithebuli 3 Imithelela Engenzeka evela eMisebenzini Ehleliwe

No.	Udaba	Imithelela	Ngaphambi Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile	Ngale Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi
1	Imithelela Ebalulekile Ekhonjiwe evela Emisebenzini Ehleliwe				
1.1	Ukushintsha kwesimo sezulu	Ukusha kwamafutha kawoyela oyizinsalela zakudala	Ayitheni	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuhambisana ne-MARPOL 73/78 Isijobelelo VI izimiso zomthetho maqondana nokuncishiswa kwe-NOx, SOx ne-GHG okuphuma ezinjini zemikhumbi. • Zonke izimoto zikadzili kanye namajenereyitha kuzokwenza ukuhlolwa okuyinjwayelo futhi kuthole ukunakekelwa okwanele ukunciphisa udizili wamalale nongashile odedelelwe emkhathini. 	Ayitheni
1.2	Amanzi olwandle kanye nokwehla kwezinga leqophelo lezinto ezizike emanzini/ukungcoliseka kanye nemithelela ezilwaneni zasolwandle	Amanzi angcolile aphuma emkhunjini wokumba wokunikezela kanye nasemikhunjini yosizo	Ayitheni	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuhambisana ne-MARPOL 73/78 Isijobelelo 1, Isijobelelo IV, Isijobelelo V amazinga kuyo yonke imikhumbi yephrojekthi. 	Ayitheni
		Ukuphazamiseka komzimba komhlaba osekujuleni kolwandle, inzika kanye nezilwane eziphila phansi namanzi ezivela ezingcwaningweni zangaphambi kokumba ze-Moto Esetshenziswa Ngerimowuthi (ROV)	Ayitheni	<ul style="list-style-type: none"> • Sebenzisa izinqubo zama-ROV ezisho ukuthi i-ROV ayifiki noma iphumule emhlabeni ophansi ekujuleni kolwandle njengengxenye yemisebenzi ejwayelekile 	Ayitheni
		Ukuphazamiseka komzimba komhlaba osekujuleni kolwandle, inzika kanye nezilwane eziphila phansi namanzi ezivela ezingcwaningweni zangaphambi kokumba	Ayitheni	<ul style="list-style-type: none"> • Qinisekisa ukuthi indawo yokumba isendaweni engaphezu kwama-500 m ukusuka kunanoma yiziphi izindawo zokuhlala ezikhonjiwe ezibekeka engozini. • Sebenzisa impahla yokulawula eqinile esebenza ngempumelelo kakhulu ukunciphisa okuqukethwe okuwuketshezi, ukukhulisa ukuphinde kusetshenziswe kanye nokuvuselela kabusha udaka lokumba, nciphisa isidingo sokushintsha koketshezi nokunciphisa inani lokugcina lodaka olusetshenzisiwe oluyizinsalela. 	Ayitheni

No.	Udaba	Imithelela	Ngaphambi Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile	Ngale Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi
		Ukuphazamiseka komzimba komhlaba osekujuleni kolwandle, inzika kanye nezilwane eziphila phansi namanzi ezivela ekulahlweni kosimende ongaphezulu emhlabeni ongapansi ekujuleni kolwandle.	Ayitheni	<ul style="list-style-type: none"> I-Eni izoqapha ukubuyiselwa kosimende futshi izoqeda ukumpompa uma ukubuyisela kubhekwe phansi olwandle 	Ayitheni
		Ukulahlwa komthelela wodaka kanye nezinsalela emhlabeni ophansi ekujuleni kolwandle ezilwaneni naseimileni eziphila ekujuleni kwamanzi	Ayitheni	<ul style="list-style-type: none"> Sebenzisa impahla yokulawula eqinile esebenza ngempumelelo kakhulu ukunciphisa okuqukethwe okuwuketshezi, ukukhulisa ukuphinde kusetshenziswe kanye nokuvuselela kabusha udaka lokumba, nciphisa isidingo sokushintshwa koketshezi nokunciphisa inani lokugcina lodaka olusetshenziwe oluyizinsalela; Khulisa ukuphinde kusetshenziswe kanye nokuvuselela kabusha kwe-WBM esetshenziswe kanye ne-NADF engxenyeni yokumba ehluke kanye nokumbiwa kweminye imithombo; Nciphisa ukukhishelwa kwe-WBM esetshenziwe olwandle; gwema ukukhishelwa kodaka lwe-NADF. 	Ayitheni
		Umthelela wokulahlwa kodaka kanye nezinsalela emhlabeni ophansi ekujuleni kolwandle ezintweni ezisamatshe ekujuleni kwamanzi	Ukahle	<ul style="list-style-type: none"> Qinisekisa ukuthi indawo yokumba isendaweni engaphezu kwama-500 m ukusuka kunanoma yiziphi izindawo zokuhlala ezikhonjiwe ezibekeka engozini. 	Okuncane

No.	Udaba	Imithelela	Ngaphambi Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile	Ngale Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi
		Imithelela yamakhemikhali okuphilayo kwe-NADF ephathelene nezinsalela zokumba kanye nodaka ezilwaneni ezisolwandle okukhona kukhalamu yamanzi	Okuncane	<ul style="list-style-type: none"> Izingcaciso ze-Eni zokukhipha i-NADF egciniwe ezinsaleleni zokumba zibandakanya: <ul style="list-style-type: none"> o Ukukhishwa kwezinsalela ngomgudu onga->15 m ukujula. o Ukukhishwa kwezinsalela kuphela emanzini -> 30 m ukujula. o Ukujiya koKetshezi Lokumba Lwesigaba Sokungasebenzisi amakhemikhali: izinsalela ezingeqi oketshezini lokumba lwesigaba okungeyiso esinamanzi (NAF) 5% (C16-C18 ama-olefins angaphakathi) noma u-9.4% (C12-C14 ester noma C8 ama-ester) ezinsaleleni ezimanzi. o Hg: max 1 mg/kg isisindo esomile kubharayithi yesitokwe. o Cd: max 3 mg/kg isisindo esomile kubharayithi yesitokwe. <p>Hambisa ngomkhumbi ukuya ogwini ngenye indlela.</p>	Ayitheni
		Imithelela yamakhemikhali okuphilayo kwe-NADF ephathelene nezinsalela zokumba kanye nodaka ezilwaneni ezisolwandle okukhona kukhalamu yamanzi	Ayitheni	<ul style="list-style-type: none"> Izingcaciso ze-Eni zokukhipha i-WBM zibandakanya: <ul style="list-style-type: none"> o Ukukhishwa kwezinsalela ngomgudu onga->15 m ukujula. o Ukukhishwa kwezinsalela kuphela emanzini -> 30 m ukujula. o Hg: max 1 mg/kg isisindo esomile kubharayithi yesitokwe. o Cd: max 3 mg/kg isisindo esomile kubharayithi yesitokwe. o Ukuncishiswa kwe-chloride okukhulu kufanele kube ngaphansi isikhathi esiphindwe kane ekujiyeni kwezindawo ezizungezile zamanzi amukelayo amasha noma anosawoti. o Hambisa ngomkhumbi ukuya ogwini ngenye indlela. 	Ayitheni
		Ukuphazanyiswa kwezilwane zasolwandle ngokwemboza imisindo efanele yokuphilayo ngomsindo wangaphansi kwamanzi ohambisana nemisebenzi yokumba	Okuncane	Imikhumbi nayo kufanele yenze ukunakekelwa okuvamile ukunciphisa umsindo, okubandakanya ukuhlanzwa kophephela kanye nomzimba ongaphansi kwamanzi.	Okuncane
		Indlela yokuziphatha yokugwema izilwane zasolwandle ngenxa yokuphazanyiswa wumsindo wangaphansi kwamanzi ohambisana nemisebenzi yokumba	Ayitheni	Imikhumbi nayo kufanele yenze ukunakekelwa okuvamile ukunciphisa umsindo, okubandakanya ukuhlanzwa kophephela kanye nomzimba ongaphansi kwamanzi.	Ayitheni

No.	Udaba	Imithelela	Ngaphambi Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile	Ngale Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi
		Imithelela yomsindo wendiza enophephela ohambisana nokumba ezilwaneni zazolwandle	Ukahle	Gwema izindiza ezisogwini ezindizela phansi kakhulu (<914 m kanye naku-2km olwandle)	Okuncane
		Umthelela wokukhanya okuvela emikhunjini yeprojekthi ezilwaneni zazolwandle	Ayitheni	Ukukhanya kuyunithi yokumba kanye nemikhumbi yokusiza kufanele kuncishiswe kube phansi ngokuhambisana nemisebenzi ephephile noma nini nanoma kuphi lapho okungenzeka khona.	Ayitheni
1.4	Ukuphazamise ka kokudoba (ukuhweba kanye nokuziphilisa)	Imithelela ephathelene nokufinyelela okubekelwe imingcele emihlabeni yokudoba kanye nomonakalo empahleni ngenxa yokuba khona kwekhanda lomthombo emhlabeni ophansi ekujuleni kolwandle	Okuncane	Ababambiqhaza abathintekile kufanele baziswe ngendawo, isikhathi kanye nesikhathi semisebenzi yokumba. Akukho kuncishiswa kwengozi okudingekayo emonakalweni wempahla yokusebenza njengoba kungeke kwenzeka ngenxa yokujula kwamanzi	Okuncane
1.5	Ukushiywa kwamakhanda omthombo phansi olwandle	Imithelela yokuba khona kwekhanda lomthombo ngesikhathi sokushiywa kweminye imisebenzi yasolwandle	Ayitheni	Ngaphambi kokuyeka ukuthutha komkhumbi endaweni, indawo yekhanda lomthombo eshiyiwe kufanele icwaningwe futhi kwenziwe imephu ngokungenaphutha neHhovisi le-HydroSAN.	Ayitheni
1.6	Enye indawo okungayiwa kuyo	Umthelela wenye indawo okungayiwa kuyo	Ukahle	Akukho kuncishiswa kwengozi okudingekayo	Ukahle
2	Imithelela Efanele Eyengezayo Ekhojwe ngokuBandakanyeka Kwababambiqhaza ngesikhathi Sokukala Ubungako				
2.1	Amagugu Asolwandle	Ukumba kokucwaninga	Ayitheni	Nanoma yiluphi ulwazi oluqoqiwe oluzwela kurimowuthi lwangaphambi kokumba ukuthola iqiniso ngezimo zomhlaba ongaphansi ekujuleni kolwandle kufanele luhlolwe ngokumbiwa ukuze kutholakale umlando ngendawo ukuthola ukuthi kukhona yini nanoma yiziphi izingcezu zemikhumbi emhlabeni ophansi ekujuleni kolwandle	Ayitheni

No.	Udaba	Imithelela	Ngaphambi Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile	Ngale Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi
2.2	Umsebenzi wasendaweni	Ukuqashwa kwabasebenzi kanye nokwabiwa kwemisebenzi Ukuqeqesha/ukuqasha abantu basendaweni	Ayitheni	<p>Kulesi sigaba sokuqala, amathuba omsebenzi ephrojekthi anomkhawulo. I-Eni izokwenza inqubomgomo yokuqasha abantu ebeka phezulu ohlwini ukuqasha abantu baseNingizimu Afrika kanye nabahlali basendaweni ezizindeni zemisebenzi yasolwandle ngaphezu kwabantu abavela emazweni angaphandle lapho kunokwenzeka khona.</p> <p>Lokhu kucatshangwa ukuthi kuzoshintsha kakhulu kuncike empumelelweni yomthombo wokuhlola. Amandla angempela abonakala esigabeni sentuthuko yomkhakha wangaphansi kolwandle womjikelzo wempilo.</p>	Ayitheni

**UKUHLOLWA KOMTHELELA WEZEMVELO KANYE NENHLALO YOMPHAKATHI
NEZOMNOTHO KWEMISEBENZI ENGAHLELIWE**

Izigameko zezingozi ezilandelayo bezicatshangwa ukuthi zibalulekile esigabeni se-EIA futhi sihlolwe ngokusebenzisa Ucwaningo :okwenza Isibonelo Sokuchitheka Kowoyela esiqondene nalo(*Isijobelelo D4 soMbiko We-EIA owuhlaka*):

- Ukuchitheka kowoyela ngengozi ngenxa yokuphantsha;
- Ukuchitheka kowoyela ngengozi ngenxa yokungqubuzana kwemikhumbi; kanye
- Nokuchitheka kowoyela ngengozi ngenxa yokukhumuka ngengozi kwento yokuphakamisa ngesikhathi sokumba.

Ukucishe kwenzeke ukuphantsha kuchazwe kwaphansi kakhulu *kuSahluko 8* (Izigameko Ezingahleliwe).

Ukugxila kwemboni, ukuzinikela nomzamo, ikakhulukazi ezinkampanini zowoyela ezinkulu njenge-Eni, wukwenza imisebenzi ngamazinga okuphepha aphezulu kakhulu, ukuze kwenziwe imisebenzi yokumba engenangozi nokulimala kubantu, indawo kanye nempahla. Ukuze kuncishiswe ingozi yezinsalela zezehlakalo, imithetho eqinile ichazwa ngamazinga amazwe omhlaba (API/ISO) kanye nokusebenza okuhle kakhulu futhi kufanele kulandelwe yinkampani, osonkontileka abambayo kanye nabo bonke abantu ababandakanyekayo emisebenzini yokumba, kubandakanya imisebenzi yasolwandle neyokuthutha.

Ukuvimbela ukuchitheka kowoyela okungafuneki, i-Eni inesibalo esichaziwe sezimpendulo ezigunyaziwe, izindlela zokulawula nezokuphatha, kanye nezidingongqangi ezizosetshenziswa ngesikhathi semisebenzi yokumba. Lokhu kubandakanya ukuhlelo oluqhubeka kakhulu lwamathuluzi angasetshenziswa kanye nokuqeqesha abasebenzi ukuthi kwehliswe amandla amakhulu emithelela uma kwenzeka kuba nokuchitheka. La mathuluzi abandakanya ukusetshenziswa kwe-BOP yangaphansi kolwandle (Isivimbela Sokuqhuma), ukusheshe kuvalwe emthonjeni uma kunesimo esiphuthumayo. Ukwengeza, ukutholakala kohlelo lokuvala lungahlinzeka ithuluzi lokuhlala lilindile ukuthi lisetshenziswe uma kuba nokuhluleka kwe-BOP. Uhlelo olusha lokuvala(oluqhubeka kakhulu) lwenziwe ngemuva kwesehlakalo iMacondo ukuthi luvale ngempumelelo emthonjeni futhi lunqande nanoma yikuphi okunye ukuvuza. Uhlelo lokuvala manje sekuyinto esebenza ngempumelelo esimweni esiphuthumayo.

Zonke izinqubo zempendulo zenza ingxenye yoHlelo Lokubhekana Nokuchitheka Kowoyela (OSCP) okufanele lwenziwe ngaphambi kokuqala kwemisebenzi yokumba ephakanyiswayo.

I-OSCP kufanele ihlolwe bese igunyazwa yi-South African Maritime Safety Authority (SAMSA) ngaphambi kokuqala kokumba. Ekugunyazweni, i-SAMSA izokhipha Isitifiketi Sokuphepha Kokungcolisa.

Isifingqo seThebuli 4 leZingozi Ezinokwenzeka noma Imisebenzi Engahleliwe kanye namazinga okukala Ukubaluleka Kwezinsalela

No.	Udaba	Imithelela	Ngemuva Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile/Zokuphatha
1	Imisebenzi Engahleliwe			
1.1	Ukubaluleka Kwengozi yokuchitheka kowoyela olwandle kanye nezindawo zokuhlala nezinhlobo ogwini lolwandle	Ukuchitheka kwehayidrokhakhoni okubangwa wukungqubuzana kwemikhumbi (okungukuthi ukulahleka kodizili) olwandle nasezindaweni zokuhlala nezinhlobo ogwini (Ezingenamgogodla, ufishi olwandle oluvulekile kanye nesiphungumangatha, kanye nezilwane zasolwandle ezincelisayo kanye nezimfudu)	Okuncane (ALARP)	<ul style="list-style-type: none"> Ngaphambi kokuqala kwanoma yimuphi umsebenzi wokumba, i-Eni yamukela izindlela zokulawula eziningana, kuqala ekudizayinini umthombo kanye nezigaba zobunjiniyela. Ngesikhathi semisebenzi yokumba, umkhumbi wokumba unokuqapha isikhathi sangempela semingcele yokumba ukuze kuncishiswe ingozi yokuthuthuleka kwehayidrokhakhoni engalindelekile (ukukhahlela) ngaphakathi emthonjeni nokukhulisa ukuphepha ngesikhathi sokwakhiwa komthombo ezingxenyeni ezahlukene zokumba. Ukuze kuncishiswe ingozi yezehlakalo ezimbi nezingafuneki (njengokuqhuma), isakhiwo somthombo kanye nezinqubo zokusebenza, isisetshenziswa kanye nempahla yokusebenza, kuzoqinisekisa ukuba khona kwesivimbeli sesibili uma kwenzeka kuba nokwehluleka kwesivimbo sokuqala. Uhlelo Lokubhekela Ukulawulwa Komthombo (WCCP) luzoba khona emthonjeni ngamunye
1.2		Ukuchitheka kwehayidrokhakhoni ekungqubuzaneni kwemikhumbi olwandle kanye nezindawo zokuhlala nezinhlobo ogwini (izinyoni zasolwandle)	Okuphakathi nendawo (ALARP)	
1.3		Ukuchitheka kowoyela ngenxa yengozi yangaphezulu yokuqhuma ezilwaneni ezingenamgogodla, ezinhlanzini, izilwane zasolwandle ezincelisayo kanye nezimfudu (kubandakanya izinhlobo ngaphakathi kuma-MPA)	Okuncane (ALARP)	
1.4		Ukuchitheka kowoyela ngenxa yengozi yokuqhuma ngaphezulu olwandle nasezindaweni zokuhlala nezinhlobo ogwini (izinyoni zasolwandle)	Okuphakathi nendawo (ALARP)	
1.5		Ukuchitheka kowoyela ngenxa yengozi yamaphansi nangaphezulu yokuqhuma ezilwaneni ezingenamgogodla, ezinhlanzini, izilwane zasolwandle ezincelisayo kanye nezimfudu (kubandakanya izinhlobo ngaphakathi kuma-MPA)	Okuncane (ALARP)	
1.6		Ukuchitheka kowoyela ngenxa yengozi yamaphansi nangaphezulu yokuqhuma ezinyonini zasolwandle	Okuncane (ALARP)	

No.	Udaba	Imithelela	Ngemuva Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile/Zokuphatha
1.7		Ukulahleka koketshezi lokumba kanye nezinsalela ngenxa yokuhlukana kwento yokukhuphula olwandle nasezindaweni zokuhlala nezinhlobo ogwini (Ezingenamgogodla, ufishi olwandle oluvulekile kanye nesibungu, kanye nezilwane zasolwandle ezincelisayo kanye nezimfudu)	Okuncane (ALARP)	
1.8		Ukulahleka koketshezi lokumba kanye nezinsalela ngenxa yokuhlukana kwento yokuphakamisa esimweni esiphuthumayo ezinyonini zasolwandle	Okuphakathi nendawo (ALARP)	
1.9		Ukulahleka koketshezi lokumba kanye nezinsalela ngenxa yokuhlukana kwento yokukhuphula olwandle yesimo esiphuthumayo ezilwaneni ezingenamgogodla, kofishi kanye nezilwane zasolwandle ezincelisayo kanye nezimfudu (kubandakanya izinhlobo ngaphakathi kuma-MPA)	Okuncane (ALARP)	
1.10	Ukubaluleka Kwengozi yokuchitheka kowoyela	Ukuchitheka kowoyela ngenxa yokuqhuma noma ukuchitheka kodizili kwezokuvakasha	Okuphakathi nendawo (ALARP)	<ul style="list-style-type: none"> Ukwenza Uhlelo Lokuphatha Izindawo Zokudoba (FMP) oluzosetshenziswa uma kwenzeka kuba nokuchitheka kowoyela.
1.11	olwandle kanye nezimpilo ezizinze ogwini lolwandle	Ukuchitheka kowoyela ngenxa yokuqhuma noma ukuchitheka kodizili ezindaweni zokudoba ezincane nokuziphilisa	Okuphakathi nendawo (ALARP)	
1.12		Ukuchitheka kowoyela ngenxa yokuqhuma noma ukuchitheka kodizili ezindaweni zokudoba kokuzithokozisa	Okuncane (ALARP)	
1.13		Ukuchitheka kowoyela ngenxa yokuqhuma noma ukuchitheka kodizili ezindaweni zokudoba kokuhweba	Okuncane (ALARP)	
1.14	Umkhumbi wengozi ekungqubuzaneni	Ukungqubuzana kwemikhumbi empilweni nasekuphepheni kwabasebenzi	Okuncane (ALARP)	

No.	Udaba	Imithelela	Ngemuva Kokukala Ukubaluleka Kokunciphisa Ingozi	Izindlela Zokunciphisa Ingozi Ezibalulekile/Zokuphatha
1.15	kwemikhumbi emphakathini nasempilweni nasekuphepheni komphakathi nabasebenzi	Ukungqubuzana kwemikhumbi empilweni nasekuphepheni komphakathi	Okuphakathi nendawo (ALARP)	<p>ukubazisa ngemisebenzi yokumba, kubandakanya isikhathi kanye nendawo;</p> <ul style="list-style-type: none"> • imikhumbi yamaphrojekthi ukwazisa eminye imikhumbi kanye nezikebhe ngokumemezela ngomsakazo maqondana nendawo yomsebenzi wokumba; • Ukusetshenziswa kwezimpawu, alamambu kanye nezinto zokumaka em(mi)khunjini we(ye)phrojekthi; • Qinisa indawo yokuphepha/yokukhiphela ngaphandle enebanga eliwu-500 m eduze kwemikhumbi yephrojekthi

IZIPHETHO NEZINCOMO

Ngokusebenzisa uhlelo lwe-EIA, izindlela zokulawula ezithize kanye nezokunciphisa ingozi zinconywe njengengxenye yephrojekthi yokuphatha imithelela ecatshangwayo. Lezi zindlela zokulawula nezokunciphisa ingozi ezikhonjiwe ziqinisekisa ukuthi iphrojekthi ihambisana ngokugcwele neZimiso Zomthetho WaseNingizimu Afrika kanjalo nezinqubo zokusebenza okuhle kwe-Eni kanye nezinhlaka zenqubomgomo yamazwe omhlaba zemisebenzi yangaphansi kolwandle. Lezi zenza ingxenye ye-EMPr (*Isahluko 9*) esenziwa sancika emiphumeleni yoMbiko We-EIA owuhlaka.

Zonke izindlela zokunciphisa ingozi ezibalwe ku-EMPr kufanele ziqalise ukusebenza ngesikhathi sephrojekthi ukuqinisekisa ukuthi izingozi ezinokwenzeka kanye nemithelela emibi ehambisana nephrojekthi kuncishisiwe izingozi ukufika ezingeni, okucatshangwa ukuthi lanele ukuthi iphrojekthi iqhubeke.

Okuhlukile 'okungayiwa' kukho kule phrojekthi nakho kuhloliwe kanti kuzoholela ekulahlekeni kwaleli thuba elinokwenzeka lokukhiqiza amandla kagesi kanye nomnotho ohambisana nakho kanye nezinzuzo zomphakathi, nakuba izindawo zokumba zizohlala zisesimweni ezikuso njengamanje.

Uhlelo lwe-EIA nalo luyabandakanyeka ohlelweni lokubandakanya ababambiqhaza ukukhuluna ngezinto ezikhathazayo kanye nokuvumela ukufaka isandla okwenziwa ngababambiqhaza kanye naBantu Abanentshisekelo Nabathintekayo (ama-I&AP). Ukubandakanyeka kwababambiqhaza kuzodalula ulwazi ngephrojekthi, ikakhulukazi ngemisebenzi yephrojekthi ye-Eni ngaphesheya kwezilwandle kanye nanoma yiziphi izidingo zokuphepha kanye nezindlela zokulawula maqondana nemisebenzi yokumba ephakanyiswayo. Abasebenzi bephrojekthi nabo bazoba khona ukuthi baphendule ngokukhathazayo kanye nemibuzo evela ngqo kuma-I&AP emihlanganweni yokubandakanya ababambiqhaza evulekile.

Ukufingqa, kuncike kokutholakala kulokhu kuhlola nokucabanga ngezinzuzo le phrojekthi ezinika umnotho waseNingizimu Afrika, i-ERM icabanga ukuthi imisebenzi yokumba kokuhlola ephakanyiswayo kuBhlokwe ER236 ukuthola ukuthi ingabe kunamahayibdrokhabhoni anele yini emhlabeni ongaphansi ekujuleni kolwandle angasho ukuthi kufanele kugunyazwe enye intuthuko. Kodwa-ke, kuncike ekusetshenzisweni kwezindlela zokunciphisa ingozi kanye nokuqapha imithelela enokwenzeka emvelweni nasemphakathini nasemnothweni njengoba kushiwo eMbikweni We-EIA owuhlaka naku-EMPr esetshenziswa yi-Eni.